



INGEDE

March 2000, Vol. 3, No.1



OKULONDOLOZWA KWEMVELO YEZOLIMO

Kukhona umthetho ongumthetho 43 ka 1983 Wokuvikela nokulondoloza indawo yezolimo eningizimu Afrika wokuyigcina iseizingeni eliphezulu lokukhiqiza, ukuvikela ukugugeleka komhlabathi kanye nokuqedwa kwemithombo yamanzi.

Umhetho uvikela imvelo kanye nokucizelela ukunqandwa kokhula noma izihlahla ezingadingekiyo.

KwaZulu-Natal izeluleko zamahhala ziyatholakala emnyangweni wezolimo nezemvelo, belekelelwu wuphiko lwakwa Enginiyeringi e-Sidara (Cedara).

Izindawo okwelulekwa kuzo:

- ◆ Umhlabo olinyiwe (idilayilendi, inkasa kanye nezamahlathi).
- ◆ Izindawo ezinamanzi noma amaxaphozi.
- ◆ Imvelo yemvelo.
- ◆ Izihlahla nokhula olungadingekiyo.

Mayelana nokutshalwa komoba lokhu okulandelayo yimigomo okumelwe ilandelwe uma usebenzisa umhlabathi ngobuhlakani.

Musa ukulima indawo enamaphozi noma indawo ephakathi kwamamitha awu 50 kusuka exhaphozini.

- ◆ Ungalisusi ihlathi lemvelo noma ihlathi ngaphandle kwemvumo ebhaliwe wumnyango wezolimo nezemvelo.
- ◆ Ungatshali ihlathi ngaphandle kwemvumo.
- ◆ Ungalimi ubheke phansi naphezulu.
- ◆ Ungalimi usebe lomfula ngoba lokho kungenza ukuguguleka komhlabathi.

Ongakwenza

- ◆ Lima ulandele amakhonthozi ukuze uvikele ukuguguleka komhlabathi.
- ◆ Ngaso sonke iskhathi nqanda ukugeleza kwamanzi ngokungemthetho.
- ◆ Khipha ukhula olungadingekiyo (iniveyida wudisi).
- ◆ Zama ukulima okungaphazamisi kakhulu umhlabathi (invader plants) ikakhulukazi esihlabathini esiguguleka kalula.
- ◆ Ngaso sonke isikhathi cela usizo kumeluleki wezolimo.



Ukuguguleka komhlabathi Entumeni.



Izakhamuzi zase-Ntumeni zimatasatasa zilwa nokuguguleka komhlabathi.



Indawo esivikelwe ekugugulekeni komhlabathi ngotshani 'ivetiver'.




Luyini Ukhula ?

Ukhula isitshalo esikhula lapho singadingeki khona

Kungani Singaludingi Ukhula ?

- Ukhula luqhudelana nezitshalo ngalokhu:
 - Ukukhanya kwelanga
 - Amanzi
 - Ukudla



- Ukhula ludala ukuba isivuno - sinciphe

- Insimu yomoba kumele ingabi nokhula okungenani izinyanga ezintathu zokuqala.


Izigaba zokukhula kokhula

Lunga kaveli

- Ngaphambi kokuba luvele emhlabathini


Luseluncane emuva kokuvela

- Utshani 1 noma 2 amaqabunga
- Ukhula olunamaqabunga lubengaphansi kwebhokisi likamentshiso



Emuva kokuvela

- Ukhula olunamaqabunga lubengaphansi kuka 10cm kodwa ngaphambi kokuba luqhakaze
- Utshani 2 - 4 amaqabunga ngaphambi kokwenaba




Selulukhulu emuva kokuvela

- Utshani sebenabile
- Ukhula olunamaqabunga selungaphezu kuka 10cm noma seluqhakazile





Ukuvikela ukhula



Ngezandla

- Ukuhlakula kungashibha

- * Kumele kwensiwe njalo (ngokujwayelekile)
- * Kudinga abantu abanangi
- * Kuyadula uma kuphuze ukwensiwa
- * Kuhamba kancane
- * Ukhula akumele luze lube ngaphezulu kwebhokisi likamentshiso
- * Lungabuye lutshaleke ukhula
- * Kungalimaza umoba osaqhumayo



KODWA


Ukunakekelwa kokhula



Ngezibulala khula (uphoyizeni)

- Kufuna umuthi okuyiwona wona
- Kudinga isigubhu sokufutha
- Kufuna uqikelele

- * Usebenza isikhathi eside (kuya emasontweni angu 12)
- * Kuyashesha
- * Kudinga umhlabathi oswakeme
- * Ukuwuahlanganisa (mixing) kubalulekile



KODWA

Umoba oyitshalo

Futha umhlabathi ongenalutho emuva kokutshala

Sebenzisa umuthi oqondene nalokho


Umoba osuke wahlahlwa

Shesha ufuthe emuva kokuhlahla

Ukhula akumele lube lude kunebhokisi likamentshiso

Nakekela uma usebenzisa izibulala khula

- Zama ukungacheli amaqabunga omoba
- Umonakalo uba mncane uma ufuthe umoba usengaphansi kwelitha kadilinku
- Uma umoba usungaphezu kuka 30cm, futha phakathi kwamalayini
- Qikelela ukuthi isifutho sakho sisebenza kahle njalo
- Sebenzisa iflood jet nozzle



Ukgcinwa nokusebenzisa izibulala khula

- Funda okubhalwe ngaphandle ngokucophelela
- Beka imithi endaweni ephephile
- Sebenzisa amanzi amahle, amanzi emvula yiwona anconywa kakhulu
- Sebenzisa izingubo zokuvikela

Izimpawu zomonakalo wezibulala khula

- Ukungamili komoba kahle
- Ukubhasha komoba
- Amachashaza ansundu naphuzi emaqabungeni
- Amaqabunga angajwayelekile emobeni
- Umoba uba nemixhantela





IZIKHUKHULA EMPUMALANGA

Izikhukhula Empumalanga zaqala ngobusuku bangomhla ka 6 Febhuwari 2000 bese kuthi amanzi ayeqhumuka e-Swazini nase Gawutengi adala ukuthi amanzi emifuleni I-Komati ne Crocodile agcwale ngokushesha. Izimvula zadalwa yinkanyamba ebizwa ngokuthi yi-Tropical Sayikloni egama layo lingu 'Elene' owadala umonakala omkhulu emazweni amane e-Afrika okuyi lawa:

I-Botswana, i-Ningizimu Afrika, i-Zimbabwe kanye ne Mozambique. Abalimi abanigi bakamoba abalima ngaphansi kwenkasa balimale kakhulu ngenxa yezisebenzi ezisebenza ezinjinini zamanzi ezingakwazanga ukukhipha izinjinini ezigcine ngokuthi zilimale kakhulu.

Ukulimala kwezinqala sizinda njengemigwaqo nama bhulohlo kuzovimbela abalimi ukuthi bangawazi ukusheshe bahambise umoba wabo uma kuvula umshini.

Amasimu asemanzini azolimala kakhulu ngoba umoba uzofa, isikhuthaza khaba esasifakiwe sizowasheka namanzi kanye nokuthi ukuhathwa komoba phakathi ensimini kuzophazamiseka.

Amanye amasimu eztishalo aphazamiseka kwaba ngaka-Bhana kanye nama Wolintshi (*Citrus*) okungamasimu amakhulu. Kwabikwa ukuthi amanzi emifuleni ayelinganiselwa emamitheni amabili ukuphakama ukwedlula izikhukhula zika 'Domoniya' owawungo 1985.

Yonke imvelo ebigudle imifula igugulekile, bese kuthi amasimu lana abenganakekelwe ekutheni umhlabathi ungagugulwa ngamanzi alimale kakhulu ngoba



Umfula i-Komati phakathi kwe-dolobha iKomati ne Maputo.

umhlabathi ugugulekile kwasala izindonga kwase kuthi lamanzi ebesuka emasimini ayoqhumisa izindonga zamadamu, kwase kuthi lamanzi aphuma emadanyini aseqhumile adala umonakalo.



Umgwaqo oya emshinini womoba e-Komati (mill).

AMASU ASEMQOKA EZINHLELO ZIKA

FEBHUWARI KUYA KU-EPRELI

- ◆ Hlelela i-sizini ka 2000 no 2001 ukuhlahlha nokutshala insimu noma amasimu kabusha.
- ◆ Hlolola amasimu lana ane-elidana noma izifo mawagawulwe noma ahlahlwe kuqala.
- ◆ Ukuqeleshwa kwezisebenzi ekulungiseni kwemishini lena esuke ingakasebenzi kwisisini.
- ◆ Hlolola umhlabathi wawo wonke amasimu lana azotshalwa (ungase udinge umcaka wabalimi).
- ◆ Sebenzisa i-glayifosifeyithi (i-Rawundi-aphu) kuze kube ngukuphela kuka-mashi uma uzosebenza ngokuphazamisa umhlabathi kancane (minimamu thileji).
- ◆ Gwema ukutshala ngemuva kwsikhathi ehlobo ngaphandle uma umhlabathi unomsokama owanele.
- ◆ Thola ulwazi olwanele lomoba odingwa wumshini (kheyini khwalithi) kanye nendlela entsha yokukhokhelwa nge-RV.
- ◆ Hlela nosonkontileka bakho mayelana nokuhlahla kanye nokudonswa komoba

